# IHHOVISI LEZOCWANINGOMABHUKU LINXUSA OHULUMENI BASEKHAYA UKUBA BATHUTHUKISE INDLELA YOKUSEBENZA, BABE NESIBOPHO SOKUPHENDULA, BAVULELEKE FUTHI BAPHATHE IZIKHUNGO NGOBUQOTHO

**Ohulumeni basekhaya bamela izakhamizi zaseNingizimu Afrika yonke futhi banika imiphakathi ithemba nokukhuthazeka ukuze kuthuthukiswe impilo yawo kanye nezimo ophila ngaphansi kwazo.**

Lolu hlaka lukahulumeni lusemqoka ekuhlinzekeni izakhamizi saseNingizimu Afrika ngezinto ezifana namanzi ahlanzekile, izinsiza zenhlanzeko ezifanelekile, ugesi okungathenjelwa kuwo, ukuphathwa kwemfucuza ngempumelelo, kanye nokulungiswa kwemigwaqo nengqalasizinda kamasipala ngendlela efanele nesebenzisa imali ngokuqikelela.

Njengesikhungo esiphezulu sezocwaningomabhuku eNingizimu Afrika, sizimisele ngokwenza umsebenzi esiwumiselwe ngokomthethosisekelo wokugxilisa usiko lokuthuthukisa indlela yokusebenza, ukuba nesibopho sokuphendula, ukuvuleleka kanye nokuphathwa kwezikhungo ngobuqotho kohulumeni basekhaya, okuzodala ukuba abantu baseNingizimu Afrika baphile kangcono; futhi sisebenzisa izindlela ezithuthukisiwe ukuphoqelela ukuba kuthathwe izinyathelo lapho kungasetshenzwa khona futhi kungekho sibopho sokuphendula. Lokhu sikwenza ngokucwaninga amabhuku omasipala kanye nezikhungo zabo kanye nangosabalalisa imibono yethu, senze izincomo, kanye nokumela ukuba bonke abaholi bakuwo wonke amazinga kahulumeni badlale eyabo indima.

## IMIPHUMELA YAKAMUVA YOCWANINGOMABHUKU KOMASIPALA

Umcwaningimabhuku-jikelele (u-AG) wethule umbiko owujikelele odidiyele wakamuva wemiphumela yocwaningomabhuku kahulumeni wasekhaya yowezi-2022-23 ePhalamende mhla zingama-27 Agasti 2024. Lo mbiko wakhelwe phezu kwemiyalezo evela kumbiko owujikelele wangaphambilini, obheke unyaka wokuqala wehlandla lokuphatha lobuholi besithupha, lapho abathathe izintambo bebe nesikhathi esincane sokuba negalelo emiphumeleni yocwaningomabhuku noma esimweni sohulumeni basekhaya.

Sibike ngobuthakathaka ekuhleleni ukuhlinzeka ngemisebenzi, ukwethula umbiko kanye nempumelelo; ingqalasizinda kamasipala esesimweni esingalungile; kanye nokunyusa umthwalo esimweni sezimali zohulumeni basekhaya ngenxa yokuhluleka wukusebenzisa imali ngokucophelela, okuhambisana nokuthi imikhandlu ayizigqizi qakala lezi zimo. Umbiko uveze umsebenzi omuhle owenziwe omasipala abanemiphumela yocwaningomabhuku engenasici; wagqamisa omasipala basemadolobheni amakhulu abayisishiyagalombili okumele babhekisiwe; futhi wabiza ukuba kuthathwe izinyathelo zokuqeda imibono evele ngenxa yobufakazi obungenele ukuze kucwaningwe amabhuku okudalwe wukungabibikho kokuvuleleka kanye nesibopho sokuphendula okulimaze izakhamizi zakulezo zindawo.

Sinxenxe abasanda kuvotelwa ukuba benze lo msebenzi kanye nababambe iqhaza enqubweni yesibopho sokuphendula ukuba bakhuthaze usiko lokuba nesibopho sokuphendula oluzoguqula ohulumeni basekhaya  futhi luthuthukise ukuhlinzeka ngemisebenzi.

Nokho, umbiko wethu wokugcina uveza ukuthi luncane ushintsho olube khona futhi - nakuba kube nokuzibophezela ekuletheni intuthuko - kushaywa ngolonwabu uma kubhekwa izimo zangempela izakhamizi zaseNingizimu Afrika ezibhekene nazo.

# ISIFINYEZO SEMIYALEZO ESEMQOKA

## Imiphumela yocwaningomabhuku ayithuthuki

Umkhuba wokuba nemiphumela  yocwaningomabhuku engemihle iqhubekile komasipala basekhaya, kwaba womasipala angama-34 (13%) kuphela ababe nemiphumela engenasici. Abubanga khona ubufakazi bentuthuko etheni ngesikhathi sekungene ubuholi obusha - kube omasipala abangama-45 bathuthukise imiphumela yabo yocwaningomabhuku kusukela ngowezi-2020-21 (unyaka wokugcina wobuholi bangaphambilini), abangama-36 baye behla.

Imiphumela yocwaningomabhuku evame kakhulu kube yimibono yokuthi izitatimende zocwaningomabhuku ziqukethe imiphumela eyiqiniso nehlolisisiwe enemiphumela yendlela okusetshenzwe ngayo kanye/noma ukulandelwa komthetho osemqoka - komasipala abangama-43%. Labo masipala bathathe izinyathelo ezimbalwa zokuphuma kulesi sigaba, kuba abangama-77 basale kuleso simo kusukela ehlandleni lobuholi bangaphambilini.

## Ukwehluleka komasipala ukulandela imithetho nemithethonqubo

Ukungalandelwa kwemithetho kuqhubekile nokuba yisithiyo esikhulu komasipala, njengoba ama-86% athola imiphumela yokungalandelwa kwemithetho okukhulu, okube wukwehla okuncane kusukwa kuma-85% onyakeni odlule kanye nama-83% ngowezi-2020-21.

## Bambalwa omasipala abanemiphumela evusa ithemba

Uma sibheka okuhle, babe mbalwa omasipala abathole imibono evele ngenxa yobufakazi obungenele ukuze kucwaningwe amabhuku, okuwumphumela omubi kakhulu. Ehlandleni lwalobu buholi, omasipala abayi-18 (ikakhulukazi KwaZulu-Natali, eMpumalanga naseNyakatho Ntshonalanga) baphumile kulesi sigaba. Omasipala abayishumi nambili bathole imibono evele ngenxa yobufakazi obungenele ukuze kucwaningwe amabhuku ngowezi-2022-23.

## Zandile izitatimende zezimali ezithunyelwe ngesikhathi

Isibalo somasipala abathumele izitatimende zezimali zabo ngosuku olumiswe ngokomthetho siqhubekile nokwenyuka sisuka ezingeni lokuthumela eliphansi elingama-81% ngowezi-2020-21 laya kuma-91% ngowezi-2021-22 kanye nama-94% ngowezi-2022-23. Ukuthuthuka kudalwe wukuba abaphathi abanesibopho sokuphendula bathathe izinyathelo ezifanele kulandela ukuthola izaziso sethu esiqondene nezindleko ezingavamile kulokhu futhi omasipala baye basekelwa wohulumeni besifundazwe ukuze bafeze izibopho zokuthumela izitatimende zezimali ngesikhathi.

Ukungathunyelwa kwezitatimende zezimali ngesikhathi, noma zingathunyelwa nhlobo, kube yisizathu esikhulu sokuba singaluqedi ucwaningomabhuku lowezi-2022-23 komasipala abayi-10 ngosuku oluwumnqamula-juqu wombiko owujikelele wakamuva okuwumhla zingama-31 kuMashi 2024.

## Ukubika ngokwethembeka ngendlela umasipala osebenze ngayo akubikiwe eqhulwini

Ohulumeni basekhaya banezinqubo ezihlelwe kahle, kube kunemisebenzi emiswe ngokomthetho maqondana nokuhlela, isabelomali, ukuqapha kanye nokubika ngemisebenzi yokuhlinzeka ngemisebenzi komasipala kanye nezinhlelo zokuthuthukisa ezididiyele. Nokho, siqhubekile nokuhlonza ubuthakathaka ekuhleleleni ukuqhutshwa komsebenzi kanye nezinqubo zokubika.

Sithole ukungalandelwa kwemithetho maqondana nokuhlela ngokweqhingasu kanye nokuphathwa kwendlela yokusebenza okungama-45% kubo bonke omasipala, kanye nama-91% komasipala abanemibono evele ngenxa yobufakazi obungenele ukuze kucwaningwe amabhuku.

Imibiko eqondene nokusebenza komasipala ingama-48% isiyonke okubandakanya ulwazi olungasizi kanye/noma olungathembekile. Ukuba besingabavumelanga omasipala ukuba balungise amaphutha asezitatimendeni ebesiwahlonzile emibikweni yokuqhuba umsebenzi ethunyelwe, bebezoba baningi kakhulu abashicilele imibiko yokuqhutshwa komsebenzi engathembekile.

Izinhlelo zokuqhuba umsebenzi komasipala abangama-19%, okubandakanya omasipala besemadolobheni amakhulu, abavezanga izinkomba ezikala indlela yokusebenza kumisebenzingqangi eyenziwayo.

## Ingqalasizinda ithiya ukuhlinzekwa kwemisebenzi

Umsebenzi wethu wocwaningomabhuku ubandakanya ukuvakashela izindawo okuningi lapho kuzohlolwa inqubekela phambili kanye nezingaqophelo lemiklamo yengqalasizinda. Sithole ukwahluleka okungama-72% emiklamweni engama-75 esayivakashela. Sathola ukuthi, ngokuvamile, imisebenzi yemiklamo iyabambezeleka, okubiza ngaphezu kwalokho obekuhleliwe futhi iba sezingeni elingelihle, futhi uma seyikhona ingqalasizinda entsha ayisetshenziswa ngokushesha. Ingqalasizinda ekhona iyaqhubeka nokudicileleka phansi ngoba ayinakekelwe futhi ayigadiwe.

## Kunokuthuthuka okuncane ezingeni lezitatimende zezimali kodwa kusekuningi okusamele kwenziwe

Izingaqophelo lokubika ngezezimali alikathuthuki, njengoba omasipala bethembela enqubweni yocwaningomabhuku ukuze kuhlonzwe izitatimende ezinamaphutha ukuze alungiswe. Ukuba le nqubo ayilandelwanga, ngama-26% kuphela athole imibono  yocwaningomabhuku ebonisa ukungaphumeleli kahle ngowezi-2022-23, kuqhathaniswa nama-58% agcine esenza njalo. Nakuba imali ethunyelwa womasipala noma okubonisanwa nabo ukuqinisekisa izingaqophelo lezitatimende zezimali eziseqophelweni elifanele, izinzuzo ezilindelekile bezingabonakali njalo.

## Ukuphathwa kwezimali ngendlela engeyinhle komasipala kuyaqhubeka

Kusandile namanje ukuphathwa kwemali ngendlela engeyinhle. Omasipala balahlekelwe yingeniso ngoba abakhokhisi lapho kuqoqwa izibi kanye nengeniso, futhi ngenxa yokulahlekelwa amanzi nogesi ngenxa yokunganakekelwa kwengqalasizinda. Futhi abaqaphelanga indlela abasebenzise ngayo izinqubo zabo zokusebenzisa imali. Izizathungqangi zokuqhubeka kokulahlekelwa ngokwezimali nokusaphaza kube yizinqubo zokukhokha ezingezinhle, izinqubo zokuthenga ezingenakho ukuncintisana futhi ezingasibheki isimo somnotho, wukuzuza okuncane kube kusetshenzisiwe imali eningi, kanye nokuntengantenga kokuphathwa kwemiklamo. Izabelomali ezingaxhasiwe kanye nezindleko ezingagunyaziwe zikuveza ngokusobala ukuntengantenga kokuhlelela ezezimali.

Ngenxa yalokho, isimo sezezimali somasipala sisantengantenga. Ukungaphathwa kahle kwemali kuhulumeni wasekhaya kunomthelela ngqo emandleni omasipala okuhlinzeka imiphakathi yawo ngemisebenzi abayethembisile futhi kwandisa ingcindezi esikhwameni somphakathi esivele sesisetshenziswe ngokweqile. Abakweletwayo abakhokhelwa ngokwezikhathi ezimiswe ngokomthetho futhi, ikakhulukazi, isikweletu sakwa-Eskom nesamabhodi amanzi silokhu siphezulu futhi siyaqhubeka nokunyuka. Uma lezi zikweletu zingakhokhwa, imiphakathi isala ingenayo imisebenzi eyisisekelo enjengogesi namanzi. Lokhu kuphinde kwenze kube nzima ukuba amabhizinisi asebenze ngokusezingeni, okwandisa izinkinga emnothweni wezwe obhekene nobunzima.

Umthelela olangazelelwe wokungenelela kukahulumeni kazwelonke kanye nowesifundazwe ukusiza omasipala abasenkingeni yezezimali babhekane nezinselele zabo awukafezeki.  Sibanxusa ukuba baqhubeke nokwandisa ukusekela kwabo.

## Umcwaningi-jikelele ufuna kuthathwe izinyathelo futhi kube nesibopho sokuphendula okumele kwenzeke ngokomyalelo wokusebenza othuthukisiwe

Inqubo yobukhona bezindleko ezingavamile iqhubekile ukuba nomthelela: Noma kube nokulahlekelwa ngokwezimali, kepha imali elinganiselwa ku-R924,1 wezigidi ibuyisiwe, isabuyiswa noma inqandiwe ekulahlekeni. Izikhulu ezinesibopho sokuphendula nazo zithathe izinyathelo zokuqinisa izindlela zokulawula zangaphakathi nokubhekana nokungathunyelwa kwezitatimende zezimali;

imbangela eyisisekelo yalokhu kanye nomthelela wemibono evele ngenxa yobufakazi obungenele ukuze kucwaningwe amabhuku; ukungcola okudalwa wukungahlanzwa kwezindawo zokuhlanza amanzi angcolile kanye nokungaphathwa ngokufanele kwezindawo zokulahla imfucuza; ukunganakekelwa kwengqalasizinda kanye nokungafezwa kwemiklamo; ukusetshenziswa kwezinsiza ngokungagculisi; izinqubo zokuthenga ezingezinhle, ukukhokha kanye nokuphathwa kwemali engenayo; ukungakhokhelwa kuka-Eskom namabhodi amanzi; ukusetshenziswa ngokungafanele kokubonisanwa nabo lapho kubikwa ngezezimali; kanye nokungavikelwa kwempahla kahulumeni.

Iningi lezikhulu ezinesibopho sokuphendula zithatha izinyathelo zokuxazulula izindleko ezingavamile ezinkulu, kodwa lapho kungabhekanwanga nezindleko ezingavamile ezinkulu ngokushesha noma ngendlela ebucayi njengoba kudingeka, sibandakanye izincomo zemibiko yocwaningomabhuku, zithathe izinyathelo zokuthola izisombululo futhi kwadluliselwa udaba ezikhungweni zikahulumeni ezifanele ukuze kwenziwe uphenyo (lapho kufanele).

## Imiphumela yocwaningomabhuku komasipala basemadolobheni amakhulu iyakhathaza

Imiphumela yocwaningomabhuku yomasipala basemadolobheni amakhulu yehle kakhulu kusukela ngonyaka wokugcina wobuholi obudlule, nakuba omasipala basemadolobheni amakhulu benamandla amakhulu futhi benezabelomali ezinkulu ukuze bakwazi ukuthola abasebenzi abafundile abaqeqeshiwe nabawaziyo umsebenzi ukuze bathuthukise imiphumela.

Isimo sezimali somasipala basemadolobheni amakhulu sisakhathaza, njengoba behlulekile wukuthuthukisa amazinga okuqoqa imali nakuba kuqaliswe izinhlelo zokuqoqa imali kanye nokuguqula amaqhingasu. Ukuhlinzeka nokulungisa ingqalasizinda akukabekwa eqhulwini futhi lokhu kubonakala emiklamweni ebambezelekayo, imali yoxhaso ize ibuyiselwe emuva kuMgcinimafa Kazwelonke, futhi kungabi nazinyathelo ezithathwayo ngenxa yokungasebenzi ngempumelelo.

## Omasipala abagcine ucwaningomabhuku olungenasici baqhubekile nokusebenza ngobunyonico

Omasipala abanemiphumela yocwaningomabhuku engenasici, ikakhulukazi labo abagcine isimo sinje eminyakeni eminingana, babonakala ngokuziphatha ngokufanele kwezezimali nezokuqhutshwa kwemisebenzi futhi benza imisebenzi yabo ngokwemithetho. Baqhubekile nokuphatha imisebenzi kahle ukuze kuhlonzeke

ukusilela futhi kulungiswe ngokushesha ukuze kulandelwe izikhathi ezimisiwe, izabelomali kanye nezingaqophelo elimisiwe.

Indawo elawulwayo esebenza kahle kanye nezinhlelo ezifanele ezitholakala kulabo masipala zakha isisekelo esiqinile esesingabekwa eqhulwini yimikhandlu ekuthuthukiseni ukusebenza kwayo kanye nokuhlinzeka ngemisebenzi kangcono.

Omasipala abangama-30 abagcine isimo sabo sokuba nemiphumela yocwaningomabhuku engenasici bayaqhubeka nokuba yisibonelo salokho okungenzeka. Omasipala abayisishiyagalombili abashenxile esikhundleni sabo sokuba nocwaningomabhuku olungenasici bakhuthazwa ukuba basheshise babhekane nembangela yokwehla ukuze baphinde bathole imiphumela yocwaningomabhuku olungenasici.

## UMTHELELA

Lapho omasipala bengaphathwanga ngokufanele kwezokusebenza kwabo, ezezimali kanye nengqalasizinda, kuba nomthelela ngqo ekuhlinzekeni ngalokho okuseqhulwini kuhulumeni okuhloswe ngakho ukuba kuthuthukiswe izimpilo zezakhamizi zaseNingizimu Afrika.

Kunqanda ukuqhubeka nokugcina ukuhlinzeka ngezidingo kanye nengqalasizinda eyisisekelo nezinto ezifana namanzi, ezenhlanzeko, ukuphathwa kwemfucuza, ugesi, izindlu kanye nemigwaqo nokuba imali emiswe kusabelomali isetshenzisiwe. Kugcwele ukwehla kwezimo zokuphila kanye nokudicilelwa phansi kwemithombo yamanzi engcolisiwe kanye nezindawo zokulahla imfucuza.

Imali kanye nezinsiza ezisashaziwe kusho ukuncishiswa koxhaso lokuhlinzeka ngezidingo esiseqhulwini futhi, kugcina ngokuthi, kube wumthwalo wabakhokhintela. Ukungabibikho kokubika ngendlela ethembekile ngobuthakathaka kwezokuqhutshwa komsebenzi kanye nezezimali kudala ukuntengantenga ezinqubweni zesibopho sokuphendula komasipala, kanye namandla omkhandlu okufinyelela emisebenzini kamasipala noma ukuthatha izinqumo lapho kuphendulwa ngokungafezwa kwemigomo yokusebenza emisiwe.

Lokhu kuqhubeka nokuhluleka emikhakheni esemqoka kakhulu emisebenzini kamasipala akugcini kuphela ngokunakwa ngokufanele kanye nobuholi obukhethwayo.

## YINI OKUMELE YENZIWE

Siphinda isicelo sethu esisemibikweni yethu yangaphambilini ewujikelele ethi ababambiqhaza ohlelweni lwesibopho sokuphendula, ikakhulukazi lapho abayilawula ngqo imisebenzi yokuhlinzeka ngezidingo, kumele basebenze ngenhloso futhi bephuthuma ukuba kube nosiko lokuthuthukisa indlela yokusebenza, ukuba nesibopho sokuphendula, ukuvuleleka kanye nokuphathwa kwezikhungo ngobuqotho elizoholela empilweni engcono kubantu baseNingizimu Afrika.

Ngokususela emibonweni evelele emisebenzini yethu yokuhlelela nokubika ngokuhlinzeka ngezidingo, ingqalasizinda kanye nokusebenza kwezezimali, sithole ukuxegaxega okuthathu okubambezela inqubekela phambili:

- Ukungabi namakhono kanye namandla okwenza okudingekayo afanele
- Ukwehluleka wukuphatha
- Wusiko lokungabi nesibopho sokuphendula kanye nemiphumela yaso

Lokhu kudalwa yizimbangela ezifanayo esezibaluliwe ezilokhu zimile kusukela ekuqaleni kokuphatha kwehlandla eliphethe.

Ukuthuthukiswa kokuhlinzeka ngemisebenzi kanye nokusebenzisa imali evele iyincane ekhona ngokuqikelela kuyokwenzeka inqobo uma omasipala sebekwazi ukusebenza, belandela imithetho, benesibopho sokuphendula futhi bethatha izinyathelo, futhi uma sebehlinzeka imisebenzi ngokwemisebenzi abayimiselwe. Abaholi bomasipala, imikhandlu kanye nosodolobha, badlala indima ebalulekile ekwendlaleleni ngendlela yokuziphatha ngokwezinkambisonhle, ukuphatha okuhle kanye nesibopho sokuphendula; kanye nasekwakheni usiko lokwethembeka nokukholelwa kuhulumeni wasekhaya.

Isimemezelo sokuthatha izinyathelo siqondiswe ohlelweni lwesibopho sokuphendula esibanzi futhi, ikakhulukazi imikhandlu yomasipala (okubandakanya osodolobha), izishayamthetho, ubuholi bezifundazwe kanye nezikhungo ezihlelayo kanye nezikhungo eziphethe ezinkulu.

Ngamafuphi, kufanele kube nokulandelayo:

### Ukuqasha abantu abawufundele umsebenzi kanye nokuhlomisa abasebenzi ngamakhono komasipala basekhaya.

Amagebe kwezamakhono nezisebenzi abadingidwa ngemizamo ehlanganyelwe ukusekela nokuqalisa izinhlelo zokuqasha abantu abawufundele umsebenzi. Njengoba kuphokophelwe ekuqasheni abantu abawufundele umsebenzi, abaphathi bomasipala, imikhandlu kanye nobuholi bezifundazwe kumele baphokophele kwingomuso lapho omasipala basekhaya beba yindawo yokusebenza abantu bafundile abangakhetha ukusebenza kuyo, okungachuma futhi kugcinwe izisebenzi ezinamakhono angavamile.

### Izikhungo ezinamandla ezisekelwa wohulumeni abahlanganyele

Ukusekelwa kuzo zonke izinhlaka zikahulumeni - ngezinhlelo ezididiyele nezihlanganyelwe ngokubambisana nobuholi bomasipala - kuzokhuthaza ukuqinisa isandla ekuphatheni komasipala.

### Usiko lwezinkambisonhle nesibopho sokuphendula

Umbono ohlanganyelwe wokuthatha isinyathelo, ukuphatha izigameko, isibopho sokuphendula kanye nendlela yokuphatha ngokwezinkambisonhle kusemqoka ukuqinisekisa ukuthi izinyathelo zithathwa kusanesikhathi nokuthi abantu babe nesibopho sokuphendula. Ukungabibikho kwezinyathelo ezithathwayo lapho umsebenzi ungenziwanga ngempumelelo nalapho kunobugwegwe kunqanda usiko lokuthuthukisa indlela yokusebenza, ukuba nesibopho sokuphendula, ukuvuleleka kanye nokuphathwa kwezikhungo ngobuqotho.

## INQUBEKELA PHAMBILI

Sinxenxa bonke ababambiqhaza ohlelweni lwesibopho sokuphendula ukuba bafeze amaqhaza abo futhi benze imisebenzi yabo ngempumelelo, ngaphandle kokwesaba futhi bengenzeleli muntu ukuqinisekisa ukuba nesibopho sokuphendula ngokusetshenziswa kwemali kuhulumeni futhi kuthuthukiswe impilo yezakhamizi zaseNingizimu Afrika.

Sisazimisele ukusebenzisana nokusekela uhlelo lwesibopho sokuphendula lohulumeni basekhaya ngokuqapha ngocwaningomabhuku, ukusebenzisa amandla ethu andisiwe njengoba kumiswe ezichitshiyelweni zoMthetho Wocwaningomabhuku Lomphakathi, kanye nezinhlelo esiziqalile ukuzisa ekumiseleni bonke

ababambiqhaza umhlahlandlela. Sethemba ukuthi imibono nezincomo ezisembikweni wethu wakamuva zizosiza kulokho esiphokophele kukho.

*Vakashela iwebhusayithi yethu (mfma-2023.agsareports.co.za) uthole umbiko ogcwele futhi ubone imiphumela yomasipala wakho.*

**Kuyaphela**